Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric

Collected and collated by

teachme2

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/
NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

2021

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 70

Lo mhlahlandlela unamakhasi ayi-10.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.

3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
.

4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/ UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusamakwa.

7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ewuhlamvu noma ephelele kanje:
   A. UThoko/A (okuwuhlamvu oluphelele)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

1.1 UMBHALO A (Ofundwayo)

1.1.1 Ingundabamlonyeni.√ (1)

1.1.2
- Izinkolelo namasiko abantu. √
- Isifiso salowo ongasekho. √
- Indlela umuntu asuke eshone ngayo. √ (3)

1.1.3
- Bakuthatha njengesiqalekiso nenhlamba koseshonile.√
- Bacabanga ukuthi bazokwehlelwa isithunzi sabo futhi bangabe besenzelwa imisebenzi ethile. √
- Umndeni nezihlobo ngeke usakwazi ukuthela inhlabathi ethuneni. √
- Bayakholelwa empilweni yangale kwethuna**.**√
- Umnumzane wekhaya uphathiswa imbewu nomkonto engcwabeni lakhe ukuze akwazi ukuvikela umndeni.√
- Abantu abamnyama baphinde bakholelwe ukuthi uma umuntu elothisiwe kumele enzelwe umsebenzi wokumgeza ukuze amukeleke ezweni lamathonga ngoba amazi ewumlotha.√ (4)

(Okune kwalokhu)

1.1.4 Inhloso yombhali ukugqugquzela/ukuvula umqondo wabantu ngokuthi izinto azihlali ziyinto eyodwa zinesikhathi sokuguquka. √ Ngakho-ke abantu abamnyama abakulindele futhi bekwamukele ukuthi ngelinye ilanga izidumbu zabo ziyolothiswa ngeke zigqitshwe ethuneni.√√ (3)
(Nezinye izimpendulo ezinembayo.)

1.1.5 Imbangela yezingqinamba ezingenza omasipala bahluleke ukumelana nokulothisa izidumbu ukuthi bakhiwe imiphakathi exube izinhlanga kanye namasiko. Iningi layo le miphakathi abantu abamnyama abangakholelwa ekulothisweni noma abantu abaningi abamnyama abakafundiseki ngokulothisa. / Omasipala bamadolobha amaningi awanayo imishini nezinsiza ezanele neziseqophelweni eliphezulu lokulothisa umzimba.√√ (2)
(Nezinye izimpendulo ezinembayo.)

1.1.6 Ngicabanga ukuthi kungaba yinto enhle ngoba kungongeka indawo yokungcwaba, √ kungaxazulula inkinga yokugcwala kwamangcwaba√ futhi nemindeni ingagwema izindleko zokuthenga imigodi emininingi yokungcwaba.√

NOMA

Ngicabanga ukuthi kungebe into enhle ngoba abanye abantu bayakholelwa ukuthi kumele uye kokhuluma nalowo muntu eyedwa engcwabeni lakhe√ futhi bazi ukuthi kukhona isidumbu sakhe esiphelele√ nokukholelwa ekutheni abantu abalele beza nezinhlanhla, abanye beza namashwa emindenini esaphilayo.√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo) (3)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

1.1.7 Umbono ngoba nakuba ziziningi izingane ezifunda ezikoleni nasemanyuvesi kodwa akubona bonke abazali abazinika isikhathi ngokuzibuza izinto eziphathelene nesikole, ayiphathwa-ke eyokuzibuza ngokuthola ulwazi ngokwempilo jikelele.√√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo) (2)

1.1.8 Isimo sokukhuluma esithi ukufa kuyisela sihambelana kahle nalesi siqeshana ngoba ukufa kuyazuma kufika ungakulindele. Ngakho-ke abantu abasho ukuthi bafuna ukungcwatshwa kanjani besaphila ngoba abazi ukuthi ukufa kuyobafikela nini. √√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo.) (2)
[20]

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

1.2 **UMBHALO B (Obukwayo)**

1.2.1
- Kubalulekile ngoba bazoqinisa/bazonika umndeni isibindi sokubhekana nesimo.√
- Kubalulekile ngoba yibo abalekelela umndeni ukufaka ibhokisi engcwabeni/egodini.√

(Okukodwa kwalokhu) (1)

1.2.2 Umehluko phakathi kokwenzeka esithombeni soku-1 kanye nasesithombeni sesi-2 indlela okungcwatshwa ngayo ayifani.√ Esithombeni soku-1 kungcwatshwa umzimba egodini kugcwele nabantu abazophelezela umndeni√ kanti esithombeni sesi-2 kuyalothiswa akukho muntu kodwa kukhona amabhokisi amabili kuphela azongena kumaziko okulothisa.√ (3)

1.2.3 Ubudlelwano phakathi kwesigaba sesi-6 esikuMBHALO A kanye nesithombe sesi-4 esikuMBHALO B owokuthi, esigabeni sesi-6 uSolwazi uNgubane uthi isizwe samaZulu asikholelwa ekulothisweni umzimba ngoba sikholelwa ukuthi umuntu uqala impilo entsha ezweni lamathonga ukuze avikele umndeni aphinde awuphe nezinhlanhla.√√Lokhu kuyahambelana nokwenzeka esithombeni sesi-4 sibona umuntu wesilisa eguqile ethuneni kubonakala sengathi uyocela izinhlanhla kulona/uyokhuluma.√√ (4)

1.2.4 Silekelela ngokuthi sikhombise abantu abamnyama abangakafundiseki ngokulothisa ukuthi kuyayonga kakhulu indawo kunokungcwaba futhi umuntu uyakwazi ukuvakashela emathuneni/lapho kufihlwe khona imilotha yabantu ayokhuluma nomuntu wakubo ongasekho, ibhokisana okufakwe kulo umlotha lisuke lineminingwane yonke yakhe njengoba kwenziwa etsheni lethuna.√√ (2)

(Nezinye izimpendulo ezinembayo.) **[30]**

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

UMBHALO C

Amaphuzu acashuniwe		Amaphuzu owabeke ngamagama akho	
1	'Ingane ingaphelelwa ukuzethemba uma inengcindezi yabangani.'	1	Ingane ingagcina isizenyeza uma inengcindezi yabangani.
2	'Ingcindezi yontanga ingenza amabhungu namatshitshi ayengeke kalula ekwenzeni imikhutshana eyingozi.'	2	Ingcindezi yontanga ingenza amabhungu namatshitshi/intsha aheheke kalula ukuzibandakanya nemikhutshana eyingozi.
3	'Abafundi bagcina sebengasezwani ezikoleni ngenxa yokuklolodelana.'	3	Abafundi bagcina sebexabana esikoleni ngenxa yokubukelana phansi.
4	'Kwesinye isikhathi ingcindezi yontanga inomthelela ongemuhle ezifundweni ngisho noma ngabe umuntu ubezimisele kangakanani.'	4	Kuvamile ukuthi ingane enengcindezi yontanga ingaphumeleli/ingenzi kahle ezifundweni zayo.
5	'Bangagcina sebengene engozini yokuzahlukanisa nomndeni kanye nabangani ababakhathalelayo.'	5	Bangagcina sebezikhipha inyumbazane emindenini yabo/bangaba ngonkomo idla yodwa nakubangani beqiniso ngenxa yengcindezi yontanga.
6	'Ingane igcina isifuna imali ngenkani kubazali yize yazi ukuthi abazali bayo bahlwempu.'	6	Ingane igcina isinobudlova isifuna imali ngesankahlu kubazali yize bezihluphekela.
7	'Kwabanye abantu abasakhula le ngcindezi ingadala omkhulu umonakalo ongagcina usuletha usizi emndenini.'	7	Ezinye izingane le ngcindezi yazo ngeke yakhinyabeza zona kuphela kodwa ingagcina isihlukumeza nemindeni yazo uqobo.

Ukufingqa ngesigaba

Ingane ingagcina isizenyeza uma inengcindezi yabangani. Ingcindezi yontanga ingenza amabhungu namatshitshi aheheke kalula ukuzibandakanya nemikhutshana eyingozi. Abanye babafundi bagcina sebexabana esikoleni ngenxa yokubukelana phansi. Kuvamile ukuthi ingane enengcindezi yontanga ingaphumeleli kahle ezifundweni zayo. Bangagcina sebezikhipha inyumbazane emndenini nakubangani beqiniso ngenxa yengcindezi yontanga. Ingane igcina isinobudlova isifuna imali ngesankahlu kubazali yize bezihluphekela. Ezinye izingane le ngcindezi yazo ngeke yakhinyabeza zona kuphela kodwa ingagcina isihlukumeza nemindeni yazo uqobo.

Amagama [66]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ANNEXURE A

Indlela yokumaka ukufingqa

Ukumaka lo mbuzo wokufingqa kweyeme ekusebenziseni amaphuzu anembayo nahambisana nomyalelo.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
  - Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
  - Amamaki ama-3 awolimi.
  - Amamaki esewonke: 10.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo.**
  - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
  - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
  - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:**
  - 6–7 acashuniwe, awekho amamaki olimi.
  - 1–5 acashuniwe, nikeza imaki elilodwa lolimi (kuphela uma ewahumushe kahle amanye amapuzu amabili).

- **Ukubalwa kwamagama:**
  - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
  - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (80), kumele kufundwe amagama ama-5 kuphela angaphezulu kwamiselwe bese engabe esabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo eqe ngawo.

QAPHELA: Izinkomba zamaphuzu acashuniwe (C) bese kuthi ahunyushiwe (H).

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

INDLELA YOKUMAKA:

- Isipelingi :
  - Impendulo eyigama elilodwa mayinikezwe iphuzu noma ngabe isipelingi sinamaphutha, ngaphandle uma lelo phutha liguqula umqondo wempendulo.
  - Uma impendulo idinga umusho ophelele, umfundi akanikwa imaki uma impendulo yakhe inamaphutha ezakhiweni zolimi okubuzwe ngalo.
  - Lapho kubuzwe khona isifinyezo, impendulo mayibe nezimpawu zokuloba ezifanelekile.

  Isb: Umnumzane – Mnu.
- Izakhiwo zemisho mazibhalwe ngokufanelekile kulandelwa uhlelo nezakhiwo zolimi futhi zibhalwe zibe imisho ephelele/ngokomyalelo onikeziwe.
- Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ewuhlamvu noma ephelele kanje:
  C/Imizuzwana engama-60 (okuwuhlamvu oluphelele)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 3

3.1 Sibhekiswe kubantu besifazane abathanda izinwele zesintu/zemvelo/isihluthu.√ (1)

3.2 Isizathu ukuheha abathengi ukuba bagijime bayothenga lowo mkhiqizo ngaphandle kokucabanga.√ (1)

3.3 Ubudlelwano buyabonakala ngoba lo wesifazane ubukeka ethokozile ejabulela ubuhle bezinwele zakhe ezikhulile futhi ezithambile okudalwe imikhiqizo yakwa-Easy Waves.√√ (2)

3.4 Iqembu lamaBhokobhoko neleBafana Bafana lizuze izindebe kulo nyaka.
(Nezinye izimpendulo ezinembayo) (2)

3.5 Kubalulekile ukulandela umyalelo ngoba uma ungawulandeli awukwazi ukuyokhononda ngalowo mkhiqizo ukuthi awusebenzanga futhi angeke ukwazi ukuwubona umphumela wawo njengoba ukhangisiwe.√√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo) (2)

3.6 Ukusetshenziswa kwegama, 'ezibushelelezi', kunxenxa/kukhuthaza abathengi abanenkinga yokuba nezindebe ezomile, eziklayekayo noma ezixebukayo basebenzise lo mkhiqizo ukuze babe nezindebe ezibukeka kahle.√√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo) (2)
[10]

UMBUZO 4: UKUQONDISISA EZINYE IZINGXENYE ZEMITHOMBO YEZINDABA

4.1
- Unezinyembezi emehlweni akhe./Amehlo akhe akhombisa ukumesaba √
- Ukhomba ingane athi iyibhoklolo kuye.√
- Uhleli phansi ugoqe izinyawo wazibamba ukhombisa ukwethuka.√ (2)
  (Okubili kwalokhu)

4.2 Ukwenza umuntu into ebuhlungu engalindele.√
Umsizi wasekhaya wenze umama isilo sengubo ngokumtshontshela zonke izimpahla zakhe zokugqoka.√ (2)
(Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa)

4.3 La mazwi asethulela umbhinqo ngoba uthi umfowabo kaMlele ewasho kuMthivovo ethi umnikeza ikhekhe elimnandi kakhulu kepha ebe azi ukuthi uqonde okuphambene kunalokho akushoyo.√√ (2)

4.4 Asethulela ubudlelwane obungebuhle ngoba uMthivovo ubiza umfowabo kaMlele ngegwala. Ucabanga ukuthi umfowabo kaMlele naye uyigwala njengoba ehlezi eshayana noMlele.√√ (2)

4.5 Uteku kule freyimu luvezwa okwenziwa abalingiswa kanye nenkulumo esesibiyelweni. UMthivovo useqalile ukuzitika ngekhekhe angalazi ukuthi lifakweni, umfowabo kaMlele uyakujabulela okwenziwa uMthivovo ngoba uyazi ukuthi leli khekhe alidlayo ngeke limlalise, uMlele yena siyamethusa isixazululo esithathwe ngumfowabo.√ √ (2)
[10]

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

5.1 Umuntu = umntwana
Udadewethu uthole umntwana wentombazane.√√
(Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa) (2)

5.2
- Kusempondozankomo/kusempondozamnenke/kusantwelaezansi/ ngovivi.√
- Ukuvuka kusempondozankomo kujwayelekile kubantu abakhuthele.√

(Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa) (2)

5.3 Ugogo uhlabe imbuzi yokwenza umsebenzi wokukhuluma nabangasekho.√√
(Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa) (2)

5.4 Umqondo wokudidiyela/wokuhlanganisa/ukuqoqela ndawonye/ubuningi bomsebenzi.√ (1)

5.5 D/impuqumpuqu √ (1)

5.6 Ulimi olunxenxayo lusetshenziswe kahle ngoba lunxenxa abasemzini/ omamezala ukuba baguqule imiqondo yabo ngobudlelwano phakathi kwabo nomakoti, babaphathe kahle ngoba nabo bangabantu.√√ (2)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70